# Culani Ingoma Emayelana Nesibindi

**Funda iHubo 27:6.** UDavide wayewuthanda umculo futhi wayevame ukuculela uJehova izindumiso. Amaningi kulawo maculo amsiza waba nesibindi. Nawe ukucula kungakusiza ube nesibindi!

Funda amagama engoma ethi "Sinikeze Isibindi." Yiziphi izizathu zokuba nesibindi esizithola kule ngoma? Zama ukuyibamba ngekhanda le ngoma bese uyipraktiza nomndeni wakini.

GOQA



INGOMA 137

## Sinikeze Isibindi

(IzEnzo 4:29)

1. Njengoba sishumayela,
Njengoba sifakaza,
Baning' abas'phikisayo
Abasihlazisayo.
Kunokwesab' abantu,
Kumelwe s'lalele wena.
Manje sicel' umoya wakho;
O Jehova, s'yakhuleka.

(CHORUS)

Sinikeze isibindi;
Sinqobe ukwesaba.
Siphe ukuqiniseka
Ukuze bezwe bonke.
I-Armagedon' iyeza,
Ngaphambi kwalolo suku,
Sinikeze isibindi.
S'yakhuleka.

2. Ngisho noma singesaba,
Uyazi siluthuli.
Siyazi uzosiphasa
Futhi siyakwethemba.
Lalela izinsongo
Zabasihlambalazayo.
Sisize sonke siqhubeke
Sikhuluma ngesibindi.

(CHORUS)



www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania